# *Ukuzwakalisa*

Ngokuhambisana nalobubufakazi nokwaziswa kukadadewethu osehambile, ngingathanda ukushiya lamazwi, futhi. Ukwazana kwami kokuqala nomndeni wakwaBell kwakungumyeni wakhe, uJimmy, owayengumngani wesifuba impela kubaba wami osewashona. Futhi khona-ke eminyakeni elandelayo, ngaba ngumfundisi futhi ngazana noDadewethu Bell, futhi ngimazi njengomKristu ozinikele ngempela. Sizomkhumbula sonke, yonke indawo. Kulula kakhulu ukusho amazwi ngomuntu okanjena, ngoba awudingeki ukuba udonsele emuva noma yini. Ubeyilokho obekudingeka ukuba ube ngumKristu.

2 Ngenkathi ngizwa udadewethu ecula, emizuzwini embalwa edlule, kuvele kwangikhumbuza kakhulu ngokucula kwakhe, njengoba simazi ngapha. Ubekuthanda ukucula. Ngijabula kakhulu ukuthi lokhu kwenziwe, ngoba ngokweqiniso kwenze lokho uDadewethu Bell abeyokuzwa. Ubengathanda ukuzizwakalisa ngaleyondlela. Umkhuleko wami, futhi umkhuleko oqotho ungukuthi, ukuthi sonke sizofika ekupheleni kwendlela nobufakazi njengoba ebenabo.

3 Ngifisa ukufunda okunye emBhalweni lapha, ingxenye nje. Ngiyazizwela ukuthi ubengothanda kakhulu iZwi likaNkulunkulu, futh iZwi laKhe lingeliPhakade kakhulu. Futhi ngicabange ukuthi ngizofunda ingxenye yesahluko 14 sika—sikaJobe.

> *Umuntu ozelwe ngowesifazane imihla yakhe iyingcosana, igcwele usizi.*
>
> *Uyavela njengembali, abune: ubaleka njengethunzi, angemi.*
>
> . . . uya*vulela onjalo amehlo akho, ungingenise ekwahlulelweni nawe na?*
>
> *Ngubani ongaveza okuhlambulukileyo kukho okungcolileyo na? kakho noyedwa.*
>
> *Uma imihla yakhe inqunyiwe, umumo wezinsuku zakhe ukuwe, ubekile umkhawuko* yena *aze angadluli;*
>
> *Ungambheki, ukuze aphumule, ukuze* athokoze, *njengomqashwa, ngosuku lwakhe.*
>
> *Ngokuba kukhona ithemba emthini, uma unqunywa ungabuye uhlume,* namahlumela *athambile aliyikuphela.*
>
> *Noma impande yawo iguga emhlabathini, nesiphunzi sawo* sifela *othulini;*

*Ngephunga lamanzi uyakuhluma, uveze . . . njengesithombo.*

*Kepha umuntu ofileyo, uphelile: ya . . . ogqabukileyo, uphi na?*

*Njengamanzi anyamalele elwandle,* nezikhukhula ziyasha *futhi* uyoma*:*

*Kanjalo umuntu ulala phansi, angav*uki*: aze angabikho amazulu, abayikuvuka,* bangavuswa *ebuthongweni babo.*

*O sengathi ungangifihla endaweni yabafileyo, ukuthi u*ngikhethe *ekusithekeni, kuze kwedlule* izinsuku *intukuthelo yakho,* . . .

*Uma umuntu efa, uyakubuye aphile na? bengiyakulinda zonke izinsuku zomshikashika wami, kuze kufike ukumuka kwami.* Ngi . . .

*U*yaku*biza,* . . . *mina ngiphendule: uzolangazelela u*kwenza u*msebenzi* wesandla *zakho.*

*Ngokuba manje uyakubala izinyathelo zami:* . . . u*qaphele isono sami na?*

4 Ukufunda eZwini laPhakade, ngingathanda ukuthi sicabange phezu kwegama elilodwa nje imizuzwana embalwa, futhi lelogama lingukuthi: *Ukuzwakalisa.*

5 Kuningi kakhulu okwempilo okungukuzwakalisa. Futhi akekho noyedwa ophila emhlabeni ngaphandle kokuthi ngesinye isikhathi empilweni yakhe uzofanele ame futhi acabange lapho evela khona, iyini inhloso yakhe lapha, futhi uyaphi emva kwalokhu. Wonke umuntu uyathanda, angathanda ukubuka ngale kwekhethini.

6 Ukufunda lapha eNcwadini endala kunazo zonke eBhayibhelini, uJobe, lokhokho, wayezama ukuthola yona kanye lento. Futhi wayenikeza intuba esibophezelweni sakhe sikaNkulunkulu, ezwakalisa ukuthi Wayengu—ngukuphila emva kokufa.

7 Ngezinye izikhathi siyazizwela lokho, uma sibhekene nokuthize okunjena, ukuthi lokhu yikho konke. Kodwa akunjalo. Ngukuguquka. Kuyi . . . isinyathelo esithe ukuphakama. Kungukwedlula usuka kokunye ukuphila uye kokunye.

8 Futhi uJobe, umprofethi, njengoba wayecabanga ngalezizinto, wayekutholile empilweni yezitshalo, impilo yesitshalo, impilo yesihlahla. Ngakho-ke wayekuqaphela lokho, ukuthi uNkulunkulu ufanele abenjani kokudaliweyo kwaKhe; ukuthi uma Enze okudaliweyo, khona-ke Ufanele aphile kokudaliweyo, ngoba Wakwenzela inhloso, enzela Yena uqobo ukuba ahlale kuyo, njengendlu umuntu abengayakha.

Lezizimpilo ezincanyanyana ezikukho konke okudaliweyo kukaNkulunkulu zingaphansi koMenzi wazo. Futhi yena wayecabanga, ukuthi, uma isiphepho sifikile sadlula futhi saphundla isihlahla esikhulukazi, nokho, lokho kwakungesikho ukuphela kwalesosihlahla. Siyophinda siphile. Uma isihlahla sifa, siyophila.

9 Futhi izikhathi eziningi, lapho sixakekile, uma nje besingabuka nje ngakithi, ningabona uNkulunkulu yonke indawo. Manje sizoMthatha, njengesihlahla, uma isihlahla sibekwa lapha.

10 Futhi yonke into ilapha ukufeza inhloso, njengoba silapha ukufeza inhloso, njengoba nje udadewethu ubelapha ukufeza inhloso. Silapha sonke ngenhloso kaNkulunkulu, uma singathola ukuthi iyini leyonhloso futhi khona-ke siyifeze kahle. Lapho, impela, uma uNkulunkulu ekukhumbula ngokwanele ukuvuka kokuphila kwesitshalo, Uyakukhumbula ngokwenele ukuvuka kwempilo yomuntu.

11 Ngakho-ke uJobe waqaphela, ukhokho, ukuthi—ukuthi isihlahla, uma sifile, sasiphila futhi. Nokuthi ihlobo nobusika kubushintsha kanjani ukuma kwakho, futhi usuku ngalunye lapho lashiya ubufakazi. Waqaphela uma i—isihlahla besiphila ngesikhathi sasehlobo, futhi ngokubonakalayo ngesikhathi sasebusika siyafa, amaqabunga alenga esihlahleni.

12 Manje, sifundisiwe emBhalweni, ukuthi, kukhona isiHlahla sokuPhila. Sasisensimini yase-Edene. Futhi lesisiHlahla sokuPhila yilapho amaKristu elenga khona, njengeqabunga kulesisiHlahla.

13 Futhi manje ngesikhathi sasebusika, lapho amaqabunga emahle, ngani, wona . . . Noma, ngesikhathi sasehlobo, njalo, lapho amaqabunga emahle futhi eluhlaza, emva kwesikhashana isithwathwa siyafika bese siwenza imibala imibala eyahlukene, futhi ayawohloka esihlahleni. Futhi ukuphila kubuyela emuva empandeni yesihlahla. Uma nje siqaphela, kuyinto eyimfihlakalo.

14 Lapha esikhathini esithile esedlule, ngabhekana, ukuba ngikhulume nendoda eyayizisho ukuthi ingumphikinkolo, ongakholwayo. Futhi sasimi eduzane kwesihlahla sama-apula esasingesayo. Futhi ngayibuza ukuthi sasisidala kangakanani isihlahla, futhi yangitshela iminyaka eminingi kangaka, nokuthi singakanani isilinganiso sama-apula esasiwakhiqiza unyaka ngamunye. Futhi lokhu kwakusengxenyeni ya-eli ka-Agasti, futhi ngangazi, ngaqaphela ukuthi ama-apula ayesevele eqathaka, futhi amaqabunga ayephenduka eba nsundu. Futhi ngathi kuyo, “Ngingathanda ukukubuza umbuzo.” Ngathi, “Kungani lawomaqabunga ephenduka eba nsundu futhi aqathake esihlahleni ngaphambi kokuba noma yisiphi isithwathwa siwashaye na?”

15 "Awu," yathi, "ubusika obuzayo. Futhi isizathu sokuba aphenduke abensundu kungenxa yokuthi ukuphila kulishiyile iqabunga."

Ngathi, "Kushonephi ukuphila na?"

16 Futhi yathi kimi, "kubuyele emuva empandeni yesihlahla, lapho kuvela khona."

Futhi ngathi, "Ngabe lokho ukuphela kweqabunga na?"

17 Yathi, "Qhabo. Lokho kuphila kuzobuya entwasahlobo ezayo futhi, neqabunga elisha." Yayingakaze ikuqaphele ngaphambilini.

18 Ngathi, "Khona-ke, ngiyakucela ngitshele, mnumzane, Buhlakani buni obususa lelo qabunga esihlahleni ngaphambi ngisho kwesimo sezulu esibandayo, futhi buthumele ukuphila kwaso emuva phansi emhlabathini, kwenzele ukuphepha, kuze kube ukuvela kwenye inkathi yonyaka. Ungawafaka amanzi ebhakedeni futhi uwabeke esigxotsheni, asisoze zashintsha ngenkathi yonyaka. Ngakho-ke kukhombisa ukuthi kukhona uNkulunkulu Obusa impilo."

19 Futhi thina esizisho ukuthi singamaKristu, azelwe nguMoya kaNkulunkulu, abenjalo, ngomusa kaNkulunkulu, esidlulisiwe sisuka emthini wokufa saya emthini wokuPhila. Futhi lapho elinye lamaqabunga liwohloka, njengoba ngibuzwile lobobufakazi obuvela ku. . .lelibandla elimangalisayo, ebandleni iGilt Edge Baptist, lapho abaningi babangani bami abayigugu bengamalungu khona, lapho elinye lamaqabunga alo liwohlokile. Siyazi ukuthi lokho ukuphila kubuyele emuva kuNkulunkulu Owayekunikezele inhloso ethile, ukuba kubuye kubuye kuphela ekuvukeni okukhulu; akusoze kuphinde kuwe, esikhathini semiNyaka eyinkulungwane. Isikhathi esikhulu siyeza.

20 UJobe wayeziqaphelile lezizinto. Khona-ke waqaphela empilweni yelanga.

21 Uma nizoqaphela, ekuseni, ilanga liyaphuma, liyingane. Imisebe yalo ibuthakathaka. Bese-ke lifika eminyakeni yalo yobusha, cishe ngelesishiyagalolunye noma ngeleshumi nqo. Bese kuthi-ke ngesikhathi sasemini, phakathi nemini, lisemandleni alo. Bese-ke liqala ukwehla, futhi ekugcineni liyashona futhi eNtshonalanga, lapho lilotha okosuku. Singakubiza lokho ngokuthi ukuphela kwelanga na? Qhabo. Ngokusa okulandelayo, liyaphuma futhi, ukusilethela usuku olusha.

22 Manje, kuyini lokhu na? Ukuzwakalisa kukaNkulunkulu. Futhi igama elithi *ukuzwakalisa* lichaza "ukwazisa umuzwa." Okuzwakaliswayo kukaNkulunkulu. . .ukuzwakalisa kithi, ukusazisa umuzwa waKhe ngathi, ukuthi ukufa akusehlukanisi iPhakade. Sizovuka futhi, sibuye futhi.

23 Ngasosonke isikhathi lapho imbewu ifa emhlabeni, ekwindla yonyaka, njengalezizimbali nje, zona, izimbewu ezincane ziyaqathaka kuzo lapho isithwathwa sizishaya, futhi imbewu ishona phansi emhlabathini. Futhi ngokumangalisayo njengoba kungabonakala, nokho kuyiqiniso, uNkulunkulu ungongenasiphelo kakhulu ukuthi Akasuye onganaki noma yini. Unodwendwe lomngcwabo wembali yaKhe. Emva kokuba isithwathwa sizishayile, khona-ke kufika izimvula zasenkwindla, nezinyembezi ezinkulukazi, zamathonsi emvula, amathonsi avela ezulwini, futhi angcwabe leyombewu yembali, ayimbambathe phezu kwayo, futhi mhlawumbe kuhamba i-intshi noma amabili ngaphansi komhlaba. Khona-ke imimoya yasebusika ebandayo iqala ukushanela, futhi—futhi izigcebe zezimbali ezincane azisekho, futhi uhlanga alusekho, futhi khona-ke izigaxa siba yiqeqeba futhi some. Futhi khona-ke izimbewu ezincane ziba yiqeqeba, futhi intibintibi iyaphuma kuyo. Futhi, ngani, ngesikhathi sasentwasahlobo, angeke uthole lutho olusele lwayo.

24 Kodwa ngabe lokho ukuphela kwembali na? Lutho. Yabekelwa inhloso lapha. Futhi uma isifeze inhloso yayo kahle, khona-ke uNkulunkulu uyasazisa, ngembali, ukuzwakalisa kwaKhe kithi.

25 Ngokuqinisekile nje njengoba ilanga lisondela kancane emhlabeni, ukuletha imisebe efudumele kakhudlwana, angeke ukufihle ndawo lokho kuphila. Ubungakumboza ngaphezulu ngedwala. Senake naqaphela lapho ubeka ukhonkolo wakho esikhathini sasebusika, utshani bubukhulu kakhulu kuphi entwasahlobo na? Ngokuzungeza unqenqema lukakhonkolo. Kungani kunjalo na? Yilokho kuphila okungaphansi kwedwala. Lapho ilanga liqala ukugeza umhlaba, angeke wakubamba ukuphila. Kuyoyithola indlela yakho kuphume ngaphansi kukakhonkolo futhi kuphakamise ikhanda lakho elincane, ukuba kudumise uNkulunkulu, ngoba ilanga lingukuvuka. I s-u-n ilanga lingukuvuka kwayo yonke impilo yezitshalo. Angeke wakufihla inqobo nje uma ilanga likhanya.

26 I S-o-n iNdodana ibonakala, izikhathi eziningi, ile kude. Kodwa lapho Iqala ukukhanya, "ILanga lokulunga lizophuma linokuphilisa emaphikweni aLo." Futhi konke ukuphila, kungenandaba ukuthi kungcwatshwe kuphi, kujule kangakanani, ukuthi kukude kangakanani emanzini, noma ezihlabathini, emadwaleni, kuyovukela enkazimulweni kaNkulunkulu.

27 Ngoba, uNkulunkulu uyakuzwakalisa kithi, uyasikhombisa nje ukuthi Wenzani. Inhloso yaKhe ukusikhombisa, ngezimbali, ngelanga, ngezihlahla, ngakho konke ukuphila, ukuthi Ungukuvuka nokuPhila. UNkulunkulu uvusa ukuPhila kwaKhe lapho kufeza inhloso yaKhe.

28 Futhi uma imbali ifeza inhloso yayo, futhi uNkulunkulu unokuvuka kwembali, kakhulu kangakanani ngodadewethu oyifezile inhloso yakhe empilweni. UNkulunkulu unokuvuka kwalabo abafeza inhloso yabo. Singayithola inhloso yethu bese-ke siyazikhonza.

29 Lezizimbali ezincane, ungahle ubuze ngazo. Zilapha, kulentambama, ukufeza inhloso. Yilokho lezizimbali, uNkulunkulu abanazo ngakho, ukufeza inhloso. Kuqhubeke futhi kuqhubeke ngakho konke.

30 Uma uqaphela, lezizimbali azisiwo umbala ofanayo wezimbali. Zehlukene ngombala, kukhombisa ukuthi uNkulunkulu unguNkulunkulu wezinhlobonhlobo. Uyayithanda imibala ehlukene. Ayixubanise ndawonye enze umqulu wezimbali Azithandayo. UNkulunkulu, uNkulunkulu wezinhlobonhlobo. Unezimbali zaKhe ezimhlophe. Unezimbali zaKhe ezibomvu. NeyaKhe, yonke imibala yezimbali, futhi azihlanganise ndawonye ukufeza inhloso yaKhe.

31 Unezintaba ezinkulu, namagquma amancane, nethafa. Unezingwadule. Unolwandle. Unesihlahla som-oki, isihlahla sesundu. Yonke into ixubana ndawonye endaweni yayo, lapho, uNkulunkulu, uNkulunkulu wayo yonke imvelo angaphila khona futhi athokozele ubuyena baKhe, njengokuhlala ezidalweni zaKhe ngesikhathi, esifeza inhloso yaKhe.

32 Uma Ecabanga ngokwenele ukuvusa lokho, futhi enze indlela yokuphunyuka yalokho, yenkonzo esikhathini esizayo futhi, inkulu kangakanani Anayo ngabantu, kungakhathalekile ukuthi singobani, siluhlanga luni, umbala, isivumokholo, noma yini okunye, lokho okungahlala ndawonye ebunyeni boBukhona bukaNkulunkulu nesibusiso saKhe. Kuyoba khona ukuvuka, ngeliny'ilanga, ngokuqinisekile impela nje njengoba kukhona ukuvuka kwembali. Sonke siyakubona lokho. Sonke siyakukholwa lokho. Sonke siyazi ukuthi lezizinto zonke zingukuzwakalisa. Ziyafakaza, ziyasitshela, zenza, sazi umuzwa uNkulunkulu afuna siwazi.

33 Abantu abathumele lezizimbali, abangani bakadadewethu abathumele lezizimbali, bazisa umndeni futhi, bezwakalisa kubo ukuthi umuzwa wabo wokuzwela umngani, kadade, noma—noma othandiweyo. Bazama ukuzwakalisa. Bangukuzwakalisa, bekwenza kwaziwe, bememezela okuthile.

34 Zonke lezizinto ebesingakhuluma ngazo, amahora, ukuzwakalisa kukaNkulunkulu esintwini, bonke laba banayo ingxenye yabo, futhi bayidlala kahle. Yonke imbali, sonke isihlahla, konke ukuphuma kwelanga, konke ukushona kwelanga, yonke into idlala ingxenye yayo kahle. Kodwa konke lokho kuzizwakalisa kukaNkulunkulu, kuyasazisa, futhi kusinikeza isibonelo, ukuthi Wayezokwenza ukuzwakalisa okukhulu ngeliny'ilanga, ukuzwakalisa okuPhakade.

35 Khona-ke Wasithumela umfanekiso waKhe ozwakalisiweyo, ngesimo seNdodana yaKhe. UNkulunkulu wathumela iNdodana yaKhe, ngomfanekiso waKhe ozwakalisiweyo, ukumemezela esintwini lokho Ayekucabanga ngathi. Waguqula isimo saKhe. Uba ngumuntu. Uba ngomunye wethu.

36 Kusukela kuNkulunkulu, uBaba oPhakade, kusukela kuMdali omkhulu Yena, ngaphambi kokuba kubekhona umhlaba, wagcwalisa yonke indawo, isikhathi. Kwakungekho ngisho i—isilinganiso noma isilinganiso sokukhanya, futhi kwakungekho athomu noma imolekhuli, Wayesalokhu enguNkulunkulu. Futhi Uyohlala enguNkulunkulu. Kodwa Lowo omkhulu O . . . Uma ubungabuka phezulu ebusuku futhi ubone izinkanyezi kulowomgudu ophathelene nelanga. Eminyakeni ethize edlule, ngaba nenhlanhla yokubuka ngalesisibuko esikhulu esandisayo, futhi lapho abasho ukuthi ungabona iminyaka eyizigidi eziyikhulu namashumi amabili yebanga lokukhanya, izilinganiso zokukhanya. Futhi ngale kwalokho kuseyizinyanga nezinkanyezi namazwe, Yena ayilawulayo.

37 Futhi khona-ke Wayekhumbula ngokwanele ukwenza ukuzwakalisa kithi, sazi ukuthi Mkhulu kakhulu. Nokho, Wehla ngesimo sesidalwa esingumuntu, ukuzwakalisa lokho Ayeyikho. Waba nguMuntu wosizi, elujwayele usizi. Waphila impilo yomuntu. Wayengenandawo yokucamelisa ikhanda laKhe. Wayezwakalisa ukuthi Kuyini, ukuthi uNkulunkulu wayeyini. Waphulukisa ukugula kwethu ngenkathi sasigula. Wavusa abafileyo, ukukhombisa ukuthi Wayengumfanekiso ozwakalisiweyo kaNkulunkulu. Wendlala ipulani phansi ngenxa yethu sonke, ukuthi lapho nathi singabuka kulokhu kuzwakalisa okuncane futhi sibone uNkulunkulu. Khona-ke singabuka phezulu futhi sibona ukuzwakalisa kukaNkulunkulu okukhulu, futhi sibe nesiqiniseko, khona-ke, ukuthi uma lamahora efika, lokhu akusikho ukuphela kwakho.

38 Ngiyakuthanda ukuzwakalisa lokho udadewethu, ngokucula, akushilo emizuzwaneni embalwa edlule, "Lona ngudadewethu. Bengingekwazi ukulicula ngalendlela ngaphandle kokuthi ubazi lapho ayekhona." Niyabo?

39 Kukhona indlela esaziyo ngayo ukuthi siyaphi, ngoba umfanekiso ozwakalisiweyo kaNkulunkulu wendlala phansi lelipulani. Futhi, Wathi, noma ngubani oyokwemukela lelicebo uzoba nokuPhila okuPhakade. UJohane 5:24 wathi, "Ozwa amaZwi aMi, futhi akholwe yiLowo oNgithumileyo, unokuPhila okungunaphakade, futhi akayi kuya ekwaHlulelweni; kepha wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni."

40 Ukuzwakalisa okukwedlula konke kwakho konke kwakunguJesu Kristu, Owasenzela indlela. Wagcwalisa futhi waqinisekisa konke ukuzwakalisa lokho lezizimbali, nempilo

yezitshalo, nokunye nokunye, nelanga, nomgudu welanga, esikufakazele ngaphambi kokuFika kwaKhe, ukuthi kwakuza OLungileyo oyosenza siKukholwe ngokuqinileyo, ngoba Uzoba ngumfanekiso ozwakalisiweyo kaNkulunkulu. Futhi lapho Efika, futhi enze lokho Akwenza, Wafakazisa ukuthi lokhu kuzwakalisa kwakuqinisile. Wanikeza isiqinisekiso kubo. Ngoba, njengoba imbali ivuka futhi, isihlahla sivuka futhi, ilanga livuka futhi, kanjalo namaKristu ayakuvuka futhi. Kuzofanele. Ngoba, uNkulunkulu, emfanekisweni ozwakalisiweyo wesidalwa esingumuntu, noma isidalwa esingumuntu emfanekisweni ozwakalisiweyo kaNkulunkulu, wakufakazisa ngokuvuka kwaKhe.

41 Khona-ke, phakathi lapho, lapho umprofethi ebone lezizinto zenzeka; uJobe, ngenkathi ebone yonke impilo yezitshalo, nokunye nokunye. Khona-ke, thina esijwayelene neBhayibheli siyakwazi. Ehlezi kulenqwaba yomlotha, osizini, inkathazo yayimshayile. Amalungu ebandla lakhe ayemtshele ukuthi wayeyi . . . wayonile ngasese.

42 Isikhathi esiningi kushiwo, ukuthi, "Umuntu uyafa kungakabi yisikhathi, noma okuthize, okungukuthi mhlawumbe yisono esithile abasenzile. Benza okuthile okungalungile." Hhayi . . . Lokho akunjalo kumKristu.

43 Ngenkathi ebone lokhu okukhulu, ukuzwakalisa kokugcina, uNkulunkulu azisa icebo laKhe ngoJesu Kristu, wakhala ngezwi. Lapho imibani ibanika nemidumo yaduma, wathi, "Ngiyazi uMhlengi wami ukhona, futhi ngemihla yokuphela Uyoma phezu komhlaba. Futhi nakuba emuva kokuba izibungu zesikhumba sesibhubhise umzimba wami, nokho enyameni yami ngiyakumbona uNkulunkulu, Engiyakumbona mina uqobo." Wakubona lokho kuzwakalisa kokugcina, iminyaka eminingi engamakhulu ngaphambili. Kodwa, engumprofethi, embonweni wabona ukufika kokuzwakalisa okukhulu kukaNkulunkulu.

44 Wayengabuka phansi futhi abone ukuvuka kwezimbewu. Wayengabona ukuvuka kwezihlahla. Nokuvuka kwelanga, emva kokuba selisifezile isikhathi salo, futhi laphinde lavuka; lafeza okosuku, laphumela olunye usuku. Izimbali zenkonzo eyodwa yomngcwabo, ziyafa, futhi zivukele enye inkonzo yomngcwabo. Yonke into ifeza inhloso yayo. Khona-ke wabona, buqamama, ukuFika kwaLowo oLungileyo, futhi wamemeza, "Ngiyazi uMhlengi wami ukhona."

45 "Inyama yami iyakuhlala ngokwethemba," washo uDavide, "ngoba Akayikuvuma oNgcwele waKhe abone ukubola; futhi Akayikushiya umphefumulo waKhe ehayidese." Walubona lolosuku, lokho kuzwakalisa okuphelele kukaNkulunkulu, lokho Ayezokwenza; ukwazisa, kumuntu, ukuthi ukufa akusikho ukuphela kwendlela.

46 Lokhu akusikho ukuphela. Lesi yisiqalo. Ngukuphela kosizi. Ngukuphela kwesikhathi sesinqumo. Kodwa ukuqala kwesikhathi senjabulo nomvuzo. Akusikho ukuphela kwayo yonke into. Ngukuphela nje kwe—kwezinto ezifayo, ukuqala into engafiyo. Yena uye ekuphumuleni kwakhe. UNkulunkulu aphumuze umphefumulo wakhe.

47 Manje, umemeze lokhu kuzwakalisa okukhulu, ngoba ubonile obekuzokwenzeka.

48 Manje asize kulesisiphetho. Sihlangane lapha namuhla, uku—ukuzwakalisa, noma ukwazisa umuzwa wethu ngomakhelwane, ngodadewethu, ngonkosikazi, ngomama. Yingakho sibuthene kulentambama; ukwazisa, ukuzwakalisa umuzwa wethu, ukulahlekelwa kwethu. Yingakho silapha, ukwenza lokhu. Ubaba ngukuzwakalisa ukulahlekelwa ngunkosikazi; abantwana, umama; umakhelwane, noma udadewethu.

49 Thina befundisi. Njengoba ngibezwile, ezansi kudabule esakhiweni, benikeza lezo ezimangalisayo, ezikhazimulayo, iziphawulo eziduduzayo, umqamlajuqu, yilokho udadewethu ayeyikho kubo, nasebandleni labo. Thina befundisi siyafika, kulentambama. Kusobala, ezinhliziyweni zethu, sidabukile, nathi. Kodwa sifikile ukuzokwenza ukuzwakalisa kukaNkulunkulu, futhi, iQiniso laKhe ngayo yonke lendaba. Sifikile ukuzozwakalisa lokho uNkulunkulu akushoyo ngakho, ukuzoduduza izinhliziyo zabantu; ukubazisa, kunzima njengoba ukushaqeka kungabanjalo, nokho kungukuhlinzekela kukaNkulunkulu uSomandla ukukwenza ngalendlela, futhi kuyicebo laKhe. Futhi lokhu akusikho ukuphela. Lokhu ukuqala kwempilo entsha.

50 Khona-ke thina uNkulunkulu asifundisayo eZwini laKhe, ngalezizinto, siyafika ukuzonikeza ukuzwakalisa kwethu. Futhi ngijabule kanjani ngalokhu okukodwa kulentambama, ukuthi sonke singezwakalisa into efanayo ngaseZwini likaNkulunkulu, ngoba yena uKugcwalisile.

51 UDadewethu Bell, njengoba besimazi lapha etabernakele, othandekayo, ongcwele, owesifazane ongumKristu, ukwenzile ukuzwakalisa kwakhe, naye. Uwenze waziwa umuzwa wakhe ngoNkulunkulu. Njengoba ngikuzwile okukhuluma ngomlando kufundwa, esikhashaneni esedlule, ngisho ngaphambi kokuba uMfowethu Jim amshade, ngiyacabanga, ezansi eTennessee, yena wenza isinqumo sakhe. Wenza ukuzwakalisa kwakhe. Ngakho-ke, ngubufakazi. Futhi ngokwazi kwami, selokhu kwasukela ngalolosuku, akakaze ayeke ukwenza lokho kuzwakalisa. Mhlawumbe, namuhla, njengangale emihubheni yaseZulwini, ndawo ndawo ngaleya emazingeni aPhakade eNkazimulo, ehamba ezitaladini zikaNkulunkulu,

esalokhu ekuzwakalisa. Ngale kwalamathunzi ezinga elifayo, usakuzwakalisa namanje.

52 UDadewethu Bell, njengoba simazi, ubengenawo amahloni ngobufakazi bakhe. Akukaze nakanye kube nanoma yimaphi amahloni ngobufakazi bakhe. Akakaze nakanye abe madolonzima ukusho okuthile. Wakuzwakalisa, futhi wayengenamhloni. Ngimbonile emile emuva lapho nezandla zakhe emoyeni, nezinyembezi zehla ezihlathini zakhe. Ngimbonile emile lapha kulelipulpiti, futhi ecula amaculo abeyokwenza ibandla lonke lingene ekudazulukeleni, ngeZwe, liyindlela ngaleya kwalapha. Ubengenamahloni. Unikeza ukuzwakalisa kwakhe yonke indawo. Wonke umakhelwane, lonke ibandla, yonke indawo ayexhumana nayo, wazenza waziwa, wezwakalisa lokho ayekucabanga ngoNkulunkulu. Bekuyimpilo yakhe, konke lokho abengaba yikho, wezwakalisa lokho abeyikho kuKristu Jesu, isidalwa esizalwe kabusha.

53 Ubengumngani othandekayo kumama wami omdala othandekayo o—okhuphuke izitebhisi ezifanayo, emavikini ambalwa edlule. Namhlanje, bandawonye.

54 Into emangalisa kanje pho, ukubona ukuzwakalisa, ukuthi uNkulunkulu wenza kanjani. Izincwadi zakhe amaletha; uDadewethu Bell. Ngaso sonke isikhathi ebengifika ngaso ekhaya, uBilly, indodana yami, ubengilethela iqoqo lezincwadi amaletha, ukushaywa kwezingcingo, njalonjalo, ezivela kuDadewethu Bell. "Khulekela *lona*. Khulekela *lowo*." Ukuthi, yini ebikwenza na? Kimina, lokho ukuzwakalisa kwakhe, yena ekwenza kwaziwe lokho obekungaphakathi kuye; umthwalo ngomfo wakubo, umthwalo ngabantwana bakhe, umthwalo nganoma ubani obekhona, nawo wonke umuntu ogulayo.

55 UDadewethu Bell cishe ubephila ngomusa kaNkulunkulu, eminyakeni embalwa edlule. Ubeyikholwa elithembekile emandleni kaNkulunkulu aphulukisayo. Futhi kwenzeka kanjalo ngobunye ubusuku. . . Angikaze empilweni yami ngimkhulekele, futhi ngakhulekela nalowo ongcwele omdala othandekayo, kwaze, ngaphandle kokuthi uNkulunkulu amphulukise.

56 Futhi ngobunye ubusuku, ngenkathi ngishayelwa ucingo, ngangisanda kungena ngivela e-Arizona, cishe phakathi kwamabili. Bashayela indodana yami ucingo, "UDadewethu Shepherd, umngani kaDadewethu Bell, ufuna ukuba umkhulekele. Usesibhedlela." Ngiqondile ukuthi nguDadewethu Shepherd; inenekazi elithile, mhlawumpe esakhiweni manje, elinguShepherd, abelazi. Ngicabange ukuthi belisesibhedlela.

57 Ngokusa okulandelayo baphinda bashaya ucingo, cishe ngeleshumi nanye nokuthile, futhi bathi, "Akusiyena uDadewethu Shepherd. NguDadewethu Bell, qobo lwakhe,

osesibhedlela." Futhi ukubona lokho, ukuzihlinzekela okuhlakaniphile necebo likaNkulunkulu. Ngaphambi kokuba afike lapho, uDadewethu Bell ubesevele ekhuphuke iziTebhisi zegolide. Ngaphambi kokuba ngifike lapho, uNkulunkulu ubeseyikhile imbali yaKhe enombala, ukwenza umqulu waKhe wesikhathi semiNyaka eyinkulungwane. Ngaphambi kokuba ngize ngifike lapho, ubesehambile ukuyohlangana noNkulunkulu. Ukuzwakalisa kukaNkulunkulu kothando lwaKhe!

58 Yonke leminyaka yomshado ojabule ibingukuzwakalisa kokuthembeka kwakhe njengonkosikazi, ukwenza ikhaya lomyeni wakhe nabantwana bakhe. Lokho kuzizwakalisile qobo lwakho ezikhathini ezinzima, lapho abafo abancane bezungeze itafula, nokuhamba okunzima. Futhi, umama, kuthatha umama ukwazi ukuthi izinto zibekwa kanjani ndawonye, ukukwenza kuhlale isikhathi eside—isikhathi eside, lapho imilomo emincane elambile izungeze itafula. Kodwa, ame eduzane komyeni wakhe, ethembekile, ame eduzane kwabantwana bakhe, bekungukuzwakalisa kokwethembeka koqobo. Lokho kungaphambi kwenu nonke. Bengingafanele ngisho lokho. Niyazi ukuthi lokho yiqiniso. Niyabo? Yebo, mnumzane.

59 Nokunxusa kwakhe okungehluleki kwabantwana bakhe! Angikholwa ukuthi ngike ngahlangana naye, noma ngamshiya, ngaphandle kwakhe ecelela labobantwana isicelo. Lokho kukhombise ubumama bangempela, ukwazi ukuthi ukuphila kuyiphupho kuphela noma indawo yokulungiselela. Kubantwana bakhe, wayefuna ukuhlangana nabo eZweni ngaleya kwalapha, lapho okungeke kube khona izikhathi ezinzima. Ubehlala njalonjalo ethi kimi . . . Ubengibiza ngoMfowethu Billy. Ubethi, "Mfowethu Billy, khulekela abantwana bami, akekho noyedwa ozolahleka." Uma lokho kungesikho ukuzwakalisa ubumama bangempela; umama okhathalele abantwana bakhe, okhathalele omakhelwane bakhe, umyeni wakhe, othandiweyo wakhe! NguNkulunkulu kowesifazane, ezwakalisa izinto zaPhakade.

60 Ngizwelana kanjani nomyeni wakhe, umngani wami olungileyo. Ngizwelana kanjani nalabobafana, ukuzwa umyalezo wabanye babo eJalimane nezindawo ezahlukahlukene, umama akasekho. Kodwa kungahle ukuthi usehambile wasuka ebukhoneni benu lapha, bafana, kodwa aka—akafile. Uyaphila njalonjalo. Uhleli eZweni lapho ayekhulekela ukuthi ngamunye wenu niyohlangana naye. Ningamvumeli adumazeke. Ngineqiniso angeke adumazeke.

61 Ngibona isipoki esisodwa siphumile kulelosondo, kulentambama. Ngiyakhumbula ngenkathi isipoki sokuqala sithathiwe emndenini wami. Ngasinye ngasinye, zizoqathaka. Angeke kube kade kakhulu. Lalela. Lelosondo lingahlanganiswa

ndawonye futhi, kwelinye iZwe lapho kungekho'masondo aphukile, lapho umnotho omkhulu kaNkulunkulu ungazuzwa futhi ungagingqikela phambili udabule eminyakeni. Kwangathi kungaba ngaleyondlela, mndeni. Benilokhu ninaye umama; manje yibani naye kuze kube phakade. Kunjalo.

62 Enye into ezwakalisa uthando lukaNkulunkulu. Njengoba ngiqonda, ukuthi, isicelo sakhe sasingukuthi angabimdala futhi alibale isikhathi eside, afanele alibale futhi athwalwe ngapha nangapha esegugile, esekhubazekile futhi—futhi egula, futhi efa ngama-intshi. UNkulunkulu umphile lesosicelo. Kunjalo. Ngani, amaSonto ambalwa nje edlule, ubemi lapha esihlalweni sasesontweni, ecula iVangeli elikhazimulayo likaKristu.

63 Yini lena na? Yini lena ngomama, bekubukeka sengathi, bekungakabi yisikhathi, cishe iminyaka engamashumi ayisithupha nanhlanu ubudala, uyahamba na? Kusho ukuthini lokho na? NguNkulunkulu ezwakalisa qobo lwaKhe, ukuthi, "Akayikugodla lutho oluhle kubo abazohamba baqonde phambi kwaKhe." UNkulunkulu, ezwakalisa ngokufa kwakhe impela, uNkulunkulu ezwakalisa kithi, ukuthi UnguNkulunkulu, futhi Uzonikeza labo isifiso senhliziyo yaKhe, inhliziyo yabo, abazohamba baqonde phambi kwaKhe.

64 Sibona lokhu, ukuthi unguNkulunkulu, futhi sonke sifanele size kulendawo, khona-ke asibuke ezimpawini zaKhe zokuzwakalisa. Uthando lwaKhe, iBandla laKhe, abantu baKhe, nakho konke okuyikho, konke kungukuzwakalisa kukaNkulunkulu kithi. Khona-ke ngicabanga ukuthi sifanele sikhothamise amakhanda ethu ngokuzithoba futhi sibonge uNkulunkulu ngalokhu kuphila ukuthi, ngoKristu, kuye kwanqoba ngisho ukufa qobo lwakho.

65 Futhi khona-ke amaZwi kaJesu ngenkathi eya endodakazini kaJayiru, "Ayifile, kodwa ilele." Uye ekulaleni kwakhe, futhi hhayi ekufeni kwakhe. Ngoba wafa eminyakeni eminingi edlule, njengentombazanyana, futhi manje uyaphila kuKristu; futhi ulele kuphela, kithi, kodwa uphapheme noKristu.

66 Asikhothamise amakhanda ethu khona-ke futhi sibonge ngalempilo eyiqhawe.

67 Baba waseZulwini, kusobala Uyazazi izinhliziyo zethu, kusobala Uyayazi imicabango osengqondweni yethu. Wazi konke ngathi. Singokudaliweyo kwezandla zaKho. Uyazi silusizi ukubona uDadewethu Bell ethathiwe kithi. Kodwa, Nkulunkulu, sikhothamisa amakhanda ethu nezinhliziyo, ngokubonga ukuthi isicelo sakhe semukelwe, nokuthi isifiso saKho ngaye sigcwalisiwe. Ukuthi, ngisho lapha ekupheleni kwendlela, lapho okukhuluma ngomlando wakhe kubhaliwe empilweni yawo wonke umuntu ahlangana naye, ukuthi ubeyinceku yaKho. Kwangathi ukuthonya kwakhe kungahlala isikhathi eside ezinhliziyweni zabo bonke abamaziyo.

Nkulunkulu, sikhulekela ukuthi Uzophumuza umphefumulo wakhe oyiqhawe kuleloZwe abelithanda, futhi akhulume ngalo futhi wacula ngalo, yonke leminyaka.

68 Ngikhulekela uJimmy, kulentambama, Nkosi. Uma ngimbona ehleli lapho, futhi uzwakalisa imicabango yakhe njengoba izinyembezi ezicwebezelisa okwengilazi zigingqika esihlathini sakhe. Ucabanga ngonkosikazi oqotho. Nangalababantwana aba, izinyembezi zehla ngezihlathi zabo, bacabanga ngomama othandekayo. Futhi siyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzobabusisa. Duduza izinhliziyo zabo. Yelula lesoSandla, esingaphezu kokufinyelela kwanoma yini enye, engaya enhliziyweni yomuntu, futhi banikeze lokhu kuneliseka okukhulu, ukuthi ngelinye ilanga siyophinde sihlangane, futhi asisophinde sibe nenye inkonzo yomngcwabo Lapho.

69 Busisa abathandiweyo bakhe, abafowabo, odadewabo, abazukulu bakhe, nomakhelwane bakhe.

70 Futhi lamabandla, Nkosi, siyazi ukuthi bebemthanda kanjani. Njengoba ubehamba phakathi kwethu, bona, uhambe phakathi kwabo. Futhi ndawonye, kanye nabo, Nkosi, sa—sabelana ngalomuzwa omkhulu wokuhlanganyela, ukuthi besimthanda. Futhi silapha sizwakalisa ukubonga kwethu—kwethu—kwethu kuWe, ngempilo yakhe.

71 Sibumbe, Nkosi, futhi usenze, ukuthi thina, nathi, lapho sifika ekupheleni kwendlela, kwangathi singalungela ukuhlangana naWe. Sithethelele izono zethu eziningi, O Nkulunkulu oPhakade. Yiba nomusa kithi, Nkosi, ngokuba sibuthakathaka futhi sikhathazekile.

72 Futhi ngikhulekela ukuthi Uzosinika induduzo, kulentambama. Kwangathi singayithola kulamazwi azwakalisiwe evela eZwini laKho, ngabefundisi abehlukene, nalabo abagcotshelwe ukuletha okunjalo, nangomakhelwane nabangani. Kwangathi singathola phakathi lapho, ngobufakazi be—bezimbali, nezihlahla, nokukhanya kwelanga, amaqabunga, na—nangaphezu kwakho konke, ngobuBukhona bukaMoya oNgcwele, obufakaza ukuvuka kukaKristu. "Angiyikunishiya ningenamduduzi. Ngizokhuleka kuBaba, futhi Uzoninikeza omunye uMduduzi, futhi Uzohlala kuze kube ngunaphakade." O, siMthanda kanjani, Nkosi! Futhi sithakasela Wena kanjani ngokuMthumela kithi, ukusinikeza lesisiqiniseko esibusisiwe emahoreni nesikhathi senkathazo.

Manje siphe amandla okuqina okuqhubeka okuzayo kwenkonzo.

73 Ngifuna ukucela okukhethekile, Nkosi, njengamanje ngalababafana abahlezi lapha abafake umfaniswano. Babusisiwe labobafana, njengoba bezofanele babuyele emuva emibuthweni yabo. Kodwa ngiyakhuleka, Nkosi, ukuthi

ngalolosuku...Siyayithakasela lemifaniswano abayigqokile manje. Kodwa kwangathi umkhuleko kamama ungaphendulwa: kwangathi bangagqokiswa ngobungcwele nokulunga kukaJesu Kristu, ngalolosuku. Amantombazane, futhi bonke ndawonye, Nkosi, yilokho esifuna ukuba yikho, amasosha angamaKristu, ukholo oluqinile impela. Sihole futhi usiqondise kuze kube yilolosuku, Nkosi, lapho sihlangana futhi.

74 SiyaKubonga ngempilo yakhe manje, futhi sikhulekela ukuthi Uzoba nathi sonke size sonke sihlangane ezinyaweni zaKho. EGameni likaJesu siyakucela. Amen.

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.


Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:


VOICE OF GOD RECORDINGS

P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.

www.branham.org